I-Dube TradePort Corporation

lSikhungo sikaHulumeni weSifundazwe esiwuSheduli 3C esasungulwa ngokwemigomo yoMthetho i-PFMA

UMqulu we-PAIA

Njengalokhu kudingeka ngokwezimiso zeSigaba14 soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, uNo. 2 wezi-2000

UMQULU WE-PAIA YASE-DUBE TRADEPORT CORPORATION

Umbhali:	**nguTanya Wingfield**	**Isikhundla:**	**IMenenja Ebhekele Ulwazi**	
Libuyekezwe ngu:	ngu-Anmol Rampaul	**Isikhundla:**	**Isikhulu Sezemithetho Yezintileka**	
Libuyekezwe ngu:	nguBarbara Bates	**Isikhundla:**	**Ibamba Elibhekele Imisebenzi Edidiyele**	
Livunywe ngu:	nguHamish Erskine egameni le-Manco/EX CO	**Isikhundla:**	**Isikhulu Esiphezulu**	
Usuku Lokuqala kokusebenza kwawo:	10/09/2020	**Usuku Lokubuyekezwa:**	09/09/2021	
Inombolo Yomqulu:	IM-PAIA-001	Isimo salo Mqulu	**Ukubuyekezwa okwenziwa minyaka yonke koMqulu we-PAIA yase-Dube TradePort Corporation**	

Okuqukethwe

UMQULU WE-PAIA YASE-DUBE TRADEPORT CORPORATION 2

1. Izincazelo Zamagama 4

2. Isingeniso 5

3. Igunya le-DTPC 5

3.1. UMBONO 5

3.2. IMPOKOPHELO 5

4. Imisebenzi kanye neziNhlaka, Isigaba 14 (1) (A) 6

5. IZikhulu Ezibhekele Ulwazi kanye nemininingwane yazo Yezokuxhumana, Isigaba 14(A) (B) 7

5.1. ISIKHULU ESIPHEZULU ESIBHEKELE ULWAZI 7

5.2. ISEKELA LESIKHULU ESIBHEKELE ULWAZI 7

6. Isigaba 10: Indlela yokuthola Umhlahlandlela, Isigaba 10 kanye nesigaba14 (1) (c) 7

7. Ukufinyelela kumaRekhodi ngokweSigaba 14 (1) (E) (Ulwazi olunikezwa ngaphandle kokufakwa kwesicelo) 8

8. Ukufinyelela kumaRekhodi, Isigaba 14 (1) (D) 8

9. Inqubo Yokucela Ukufinyelela Erekhodini 9

9. 1. Okudingekayo maqondana nokugcinwa kwemithetho 9

9. 2. Inqubo elandelwayo uma kufakwa isicelo sokufinyelela erekhodini 10

9.3. Ukucutshungulwa Kwezicelo 11

10. Inqubo Yokukhokha 12

10.1. Izimali ezinqunyiwe ezikhokhwayo 12

10.2. Ukwaziswa ngezimali ezikhokhwayo 13

10.3. Imininingwane yeBhange yase-DTPC**Error! Bookmark not defined.**

10.4. Isigaba 22(8) Abantu abangakhokhiswa**Error! Bookmark not defined.**

11. Izindlela zokulungisa ezikhona, Isigaba 14(1) (H) 14

12. Ukubuyekezwa koMqulu, Isigaba 14 (2) 14

13. Ukutholakala kwalo Mqulu, Isigaba 14(3) 14

14. Izithasiselo Ezihambisana nalo Mqulu 155

1. Izincazelo Zamagama

Kulo Mqulu, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile:
"Imali Yokufinyelela" kusho imali enqunyelwe ukukhiqiza, ukubheka, ukulungisa kanye nesikhathi esidingekayo esingaphezu kwesibekelwe ukubheka nokulungisa irekhodi ukuze lidalulwe;
"UMthethosisekelo" kusho uMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika, we-1996
"Isekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi" kusho isikhulu esijutshwe yiSikhulu Esibhekele Ulwazi ukuba senze umsebenzi ngokwe-PAIA;
"I-DTPC" kusho i-Dube TradePort Corporation;
"Isikhulu esibhekele Ulwazi" kusho Isikhulu Esiphezulu esibhekele Ulwazi, noma omunye ongalingana naso, kumbe oyibamba kuleso sikhundla kanti futhi ubizwa nge-CIO;
"I-PAIA" kusho uMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, (uMthetho uNo. 2, wezi-2000)
"Ofaka isicelo solwazi olumaqondana naye siqu" kusho umuntu ofaka isicelo sokufinyelela erekhodini eliqukethe ulwazi olumaqondana naye siqu;
"Isikhungo sikaHulumeni " kusho a) Nanoma yimuphi uMnyango kaHulumeni kumbe wezokuphatha esigabeni sikahulumeni kazwelonke noma wesifundazwe kumbe nanoma yimuphi uMasipala wendawo; kumbe b) nanoma yiluphi uphiko kumbe isikhungo - (i) Esisebenzisa amandla kumbe esenza umsebenzi ngokoMthethosisekelo noma ngokoMthethosisekelo weSifundazwe; kumbe (ii) Esisebenzisa igunya likahulumeni noma esenza umsebenzi kahulumeni ngokwananoma yimuphi omunye umthetho.
"Irekhodi" kusho nanoma yiluphi ulwazi oluqoshiwe, kungakhathalekile ukuthi ngolwaluphi uhlobo kumbe indlela olutholakala ngayo olusezandleni ze-Dube TradePort Corpotion, kungakhathalekile ukuthi lwakhiqizwa yi-DubeTradePort noma cha;
"Isicelo" kusho isicelo sokufinyelela erekhodini lase-Dube TradePort Corporation.
"Umfakisicelo" kusho nanoma ubani (ngaphandle kwezikhungo ezithile zikahulumeni kumbe osebenza kuzo) ofaka isicelo sokufinyelela erekhodini lase-Dube TradePort Corporation kubandakanya nanoma ubani ofaka isicelo egameni lalowo muntu kumbe umfakisicelo.
"I-SAHRC" kushiwo iKhomishini Yamalungelo Esintu eNingizimu Afrika.
"Uhlangothi Lwesithathu" kuqondiswe kunoma yimuphi umuntu onerekhodi, kungagcini nje ngohulumeni wezwe langaphandle, inhlangano yamazwe omhlaba noma uphiko lwalowo hulumeni, ngaphandle komfakisicelo kanye nebhodi lomphakathi.

2. Isingeniso

UMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini (i-PAIA) uphoqelela ukuthi kushicilelwe umqulu we-PAIA oqukethe imininingwane yamarekhodi asezandleni zesikhungo sikahulumeni ukuze kubhekelelwe izicelo zokufinyelela olwazini.

I-PAIA yakhelwe ezihlinzekweni zeSigaba 32 soMthethosisekelo esithi wonke umuntu unelungelo lokufinyelela olwazini olusezandleni zoMbuso noma olugcinwe ngomunye umuntu, oludingeka ngenhloso yokusebenzisa kanye nokuvikela nanoma yiliphi ilungelo.

Izinhlosongqangi ze-PAIA ngukukhuthaza ukusebenza ngokusobala, ukuphendula ngezinto ezenziwayo kanye nokuphatha ngendlela efanele kuzo zonke izikhungo zikahulumeni kanye nezizimele. Lokhu kuhlomisa ngolwazi kuphinde kufundise abantu ukuba baqonde ngamalungelo abo angaphansi komthetho we-PAIA, abangawasebenzisa baphinde futhi bawavikele.

Lo mqulu wenziwe ngenhloso yokusungula izinqubo okumele zilandelwe kanye nemigomo okumele igcinwe ukuze umuntu akwazi ukufinyelela olwazini olusezandleni ze-Dube TradePort Corporation (DTPC).

3. Igunya le-DTPC

I-DTPC iyiSikhungo sikaHulumeni weSifundazwe esikuSheduli 3C esakhiwe ngokoMthetho we-Dube TradePort, uMthetho 2 wezi-2010, kanti-ke ilawulwa nguMthetho Wezokuphathwa Kwezimali ZikaHulumeni we-1999, uMthetho uNo.1 we-1999 (i-PFMA).

3.1. UMBONO

Umbono we-DTPC "ukuba yisikhungo esihamba phambili emhlabeni ekukhiqizweni nasekuthuthweni kwempahla ngamabhanoyi e-Afrika eseNingizimu, okudidiyelwe ngobunyoninco nengqalasizinda yezokuthutha emigwaqeni, ngezitimela kanye nezokuthutha zasolwandle".

3.2. IMPOKOPHELO

Impokophelo ye-DTPC yilena:

- Ukuthuthukisa ezokuthutha ngamabhanoyi ngokuhlinzeka ngezokuhlewa kwezindawo kanye negqalasizinda okusezingeni eliphezulu;
- Ukuheha nokuzinzisa utshalomali ngokwakha kanye nokusebenzisa izindawo ezikhethekile zezomnotho kanye nezindawo zezohwebo ezihlobene nazo; ngokunjalo
- Nokukhulisa ezamabhizinisi kanye nezohwebo ngokuhlinzeka imisebenzi emisha yezezindiza ezifundeni nasemazweni omhlaba jikelele.

4. Imisebenzi kanye neziNhlaka, Isigaba 14 (1) (A)

Uma ufisa ukuthola eminye imininingwane maqondana nolwazi namasu okusebenza e-DTPC sicela ubheke ku- "DTPC – Strategic Plan for the fiscal year 2015-2020" etholakala kusizindalwazi esithi (http://www.dubetradeport.co.za/)

Njengamanje i-DTPC iholwa yiSikhulu Esiphezulu, ngokwesekwa yiThimba Eliphezulu nokuyilona elibhekele izinhlelo ngokwehlukahlukana kwazo. Umdwebo ongezansi uchaza kabanzi ngemisebenzi eyenziwa ophikweni ngalunye emazingeni aphezulu:

Umdwebo 1 ukuhleleka kwenkampani ngokwemisebenzi

5. IZikhulu ezibhekele Ulwazi kanye Nemininingwane yazo Yezokuxhumana, Isigaba 14(A) (B)

Ngokwe-PAIA, iSikhulu Esiphezulu (i-CEO) sesikhungo sikahulumeni yisona esiba yiSikhulu Esiphezulu Esibhekele Ulwazi (i-CIO). Imisebenzi yeSikhulu Esiphezulu Esibhekele Ulwazi ngukuhlinzeka i-DTPC ngomkhombandlela wamasu okusebenza kanye nokuqinisekisa ukwenziwa kwezinhlelo ezisemqoka zentuthuko ngokwegunya le-DTPC ngendlela ephusile, ehlelekile nenempumelelo.

Nansi imininingwane yezokuxhumana yeSikhulu Esiphezulu Esibhekele Ulwazi sase-DTPC:

5.1. ISikhulu Esiphezulu Esibhekele Ulwazi

uMnu Hamish Erskine Ikheli le-imeyli: hamish.erskine@dubetradeport.co.za

5.2. AMASEKELA ESIKHULU ESIBHEKELE ULWAZI

Abacela ukufinyelela olwazini kumele bathumele zonke izicelo zabo kumasekela eSikhulu Esiphezulu Esibhekele Ulwazi (i-DIO). Imisebenzi yamasekela eSikhulu Esiphezulu Esibhekele Ulwazi ukudidiyela zonke izindaba ezimaqondana nokusebenza ngokusobala, imithetho eshayiwe kanye nokucubungula izicelo ngokwezimiso ze-PAIA.

Nansi imininingwane yezokuxhumana:

Amagama: uNkk. B Bates Isikhundla: Ibamba Elibhekele Imisebenzi Edidiyele

Ikheli le-imeyli: Barbara.Bates@dubetradeport.co.za

Noma

uNkk. T Wingfield Isikhundla: IMenenja Ebhekele Ulwazi

Ikheli le-imeyli: Tanya.wingfield@dubetradeport.co.za

Ikheli Lokuposa:
PO Box 57757
King Shaka Airport
4407

Ikheli Lomgwaqo:
29° South
7 Umsinsi Junction
La Mercy
Kwazulu-Natal
4399

Ucingo:
+27 32 814 0000

Ifeksi:
+27 32 814 0100

6. Isigaba 10: Indlela yokuthola Umhlahlandlela, Isigaba 10 kanye nesigaba14 (1) (c)

Umhlahlandlela uyatholakala kuKhomishini Yamalungelo Esintu yaseNingizimu Afrika (i-SAHRC) noma kusizindalwazi sayo esithi: www.sahrc.org.za

Uma unemibuzo maqondana nalo mhlahlandlela sicela uxhumane ngqo ne-SAHRC kule minininingwane yokuxhumana elandelayo:

The South African Human Rights Commission *Ucingo: +27 11 484 8300*

PAIA Unit
The Research and Documentation Department
Private Bag 2700
Houghton
2041

Ifeksi: +27 11 484 0582
I-imeyli: paia@sahrc.org.za

Umhlahlandlela uyatholakala futhi nase-DTPC. Sicela uxhumane neSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi kuleli kheli elingenhla uma unemibuzo.

7. Ukufinyelela kumaRekhodi ngokweSigaba 14 (1) (E) (Ulwazi olunikezwa ngaphandle kokufakwa kwesicelo)

Amanye amarekhodi ayatholakala kusizindalwazi esisemthethweni sase-DTPC esithi: http://www.dubetradeport.co.za/; kanti-ke wonke umuntu uyakhuthazwa ukuba aqale alibheke lapha irekhodi ngaphambi kokuba afake isicelo sokufinyelela kulo.

Ukukhokhwa kwemali yokufaka isicelo akusiyona impoqo, kodwa-ke izimali zokufinyelela erekhodini ezinqunyiwe kanye nezimali zokukhiqizwa kabusha kwerekhodi zona-ke kumele zikhokhwe. Bheka Isithathiselo 2 ukuze ubone uhlu lwamarekhodi atholakala ngaphandle kokufakwa kwesicelo.

8. Ukufinyelela kumaRekhodi, Isigaba 14 (1) (D)

Lesi sigaba somqulu sikhombisa amarekhodi agcinwe e-DTPC ngenhloso yokwenza kube lula ukucubungula isicelo sokufinyelela erekhodini ngokwe-PAIA. Nokho-ke sicela uqaphele ukuthi ukubakhona kwesigaba kumbe udaba ofake isicelo ngalo ohlwini lwalo mqulu lokho akusho ukuthi isicelo sokufinyelela kulawo marekhodi sizoba yimpumelelo. Zonke izicelo ziyocutshungulwa ngokwehlukahlukana kwazo, ngokuhambisana nezihlinzeko ze-PAIA.

Uphiko	**Izigaba Zamarekhodi**
Ezokuphatha	Imibiko Yonyaka Izinhlelo Zokwenziwa Komsebenzi kanye Namasu Okusebenza Ukuhlolwa koMthelela Wezomnotho Amarekhodi Esabelomali kanye Nokubika Amarekhodi Okuthengwa Nokusatshalaliswa Kwempahla Arekhodi ezinkontileka Amarekhodi e-*SHEQ* Amarekhodi e-*CSI* Amarekhodi Okulawulwa koLwazi Amarekhodi ezokuthutha kanye nokuhamba Amarekhodi Ezokumaketha – izinhlelo, ucwaningo kanye nezikhangiso. Amarekhodi ophiko lwezabasebenzi – ukuqashwa kwabasebenzi, ukufakwa kwabasebenzi ezikhundleni, ukulawulwa kokushiya kwabasebenzi enkampanini, ukulawulwa kokwenziwa komsebenzi kanye namarekhodi okulawulwa kwamalivu Amarekhodi Okulawulwa kwezimo ezinobungozi

	Amarekhodi ezobuchwepheshe bezokuxhumana (i-*ICTG*)
Ezemisebenzi yezemithwalo kanye nezamabhanoyi (*Cargo and Air Services*)	Amarekhodi Okulawulwa Kwezinsiza Amarekhodi Ezokuphepha nezokuvikela Amarekhodi amaqondana Nokuqhutshwa Komsebenzi Amarekhodi Okugcinwa Kwempahla Isesimweni Esihle Amarekhodi Okulawulwa Kwezokuthutha
Ezokusebenza Kwezakhiwo	Amarekhodi Okulawulwa kwezakhiwo Amarekhodi okuphathwa kwezivumelwano zokuqashiselana Amarekhodi Ezokurenta Amarekhodi Ezokuvikela
Ezolimo (i-*AgriZone*)	Amarekhodi ezolimo (*i-AgriZone*) Izinhlelo zezolimo ezisimeme Izinhlelo zoqeqesho Izinkontileka Amarekhodi Okulawulwa Kwamanzi Amarekhodi okulungiswa kanye nokulungiswa komhlaba Amarekhodi Okugcinwa Kwempahla Isesimweni Esihle kanye nawemisebenzi Yezobuchwepheshe Amarekhodi e-*AgriLab*
Ezobuchwepheshe bezokuxhumana (*i-iConnect)*	Amarekhodi Okwesekwa Kokuqhutshwa Komsebenzi Amarekhodi Okuthengiswa kanye nokuthuthukiswa Kwemikhiqizo Amarekhodi Okulawulwa Kwemiklamo Amarekhodi Ezinkokhelo kanye neziphakamiso
Ezokuhlelwa Kwezentuthuko kanye Nengqalasizinda	Amarekhodi okutholwa Komhlaba – amatayitela kanye nezivumelwano Izinhlelo, ucwaningo kanye nemibiko Amarekhodi okulawulwa kwezemvelo Amarekhodi Ezokuhlela Amarekhodi ezobuchwepheshe Amarekhodi e-*GIS*
Indawo Ekhethekile Yezomnotho	Amarekhodi okukhuthaza nokuheha utshalomali Amarekhodi amabhizinisi axube zonke izinto ndawonye Amarekhodi okucutshungulwa kwemikhakha ngaminye Ukulawulwa Kwezinhlelo

9. Inqubo Yokucela Ukufinyelela Erekhodini

9. 1. Okudingekayo maqondana nokugcinwa kwemithetho

Ngokwezihlinzeko zoMthetho, ukufinyelela kumarekhodi acelwe *e-DTPC* ayonikezelwa kuphela uma:

- Kugcinwe yonke imigomo ye- *PAIA* emaqondana nesicelo; futhi
- Ukufinyelela kumarekhodi aceliwe kunganqatshwanga ngokwananoma yiziphi izizathu zokwenqatshwa kwesicelo ezibekwe kulo Mthetho.

9. 2. Inqubo elandelwayo uma kufakwa isicelo sokufinyelela erekhodini

Nazi izinyathelo okumele zithathwe uma kufakwa isicelo sokufinyelela erekhodini:

ISINYATHELO SOKUQALA (1): ISICELO

Uma umuntu efisa ukuthola ulwazi olugcinwe yi-*DTPC*, kufanele agcwalise ifomu lesicelo (**Isithathiselo 1)** bese elithumela koyiSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi (imininingwane yalesi sikhulu itholakala emqulwini we-*PAIA* wase-*DTPC*). Umfakisicelo kumele futhi acacise ukuthi ufuna ikhophi yerekhodi noma ufuna ukuyolibona ezakhiweni zakhona e-*DTPC*.

ISekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi kumele lelekelele umfakisicelo esicelweni sokufinyelela erekhodini ngenhloso yokuqinisekisa isicelo siyahambisana nezimiso zoMthetho. ISekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi alikwazi ukuvele lichithe isicelo uma singagcwalisiwe ngendlela efanele nangokuphelele. ISekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi liyobe selazisa umfakisicelo ngenhloso yalo yokuchitha isicelo ngokusebenzisa iSaziso Sokungalandelwa kweNqubo. Esimweni esinjalo, umfakisicelo kuyomele alethe eminye imininingwane emaqondana nesicelo.

Ngokwezimiso zoMthetho, isicelo sokufinyelela erekhodini kumele sihambisane nemali eyisamba esingama-R35.00 uma isicelo singafakwanga ngumuntu ocela ulwazi olumaqondana naye siqu.

ISINYATHELO SESIBILI (2): UKUQINISEKISWA KANYE NOKWAZISWA UKUTHI ISICELO SITHOLAKELE

ISekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi lamukela bese liqinisekisa isicelo ukuze lizanelise ukuthi irekhodi elicelwayo likhona e-*DTPC*. Emva kwalokho-ke isicelo sibe sesamukelwa, sichithwe noma sedluliselwe emnyangweni ofanele ukuze kutholakale irekhodi elicelwayo. Isicelo siyovunywa ngaphandle uma sihoxisiwe kumbe sichithiwe ngenxa yezizathu zokuchithwa kwesicelo ezidalulwe eSahlukweni 4 seNgxenye 2 yoMthetho.

Kuyobe sekukhishwa isazizo ukuze kwazisa umfakisicelo ngemali yesicelo (uma idingeka); ngesimo sesicelo bese enikezwa nenombolo yesicelo sakhe.

ISINYATHELO SESITHATHU (3): UKULUNGISWA KWEREKHODI

Uma isicelo sivunyiwe, abase-*DTPC* bayobe sebehlanganisa irekhodi baphinde balilungise bese bebala izindleko okumele zikhokhwe.

ISINYATHELO SESINE (4): ISAZISO SOKUGCINA

Umfakisicelo uyokwaziswa uma isicelo sakhe sesiphothuliwe aphinde aziswe nangezindleko okumele azikhokhele i-*DTPC*.

ISINYATHELO SESIHLANU (5): INKOKHELO KANYE NOKUKHISHWA KWEREKHODI

Uma umfakisicelo esezikhokhile izindleko (ezibalulwe esiNyathelweni 4) (kubandakanya nendlela yokukhokha ebalulwe esiNyathelweni 1), uyobe eselinikezwa irekhodi alicelile.

9.3. Ulwazi Olujwayelekile

Izicelo zokufinyelela kumarekhodi agcinwe yi-*DTPC* ngokwegunya layo lokuba yisikhungo sikahulumeni kumele zenziwe kuphela ngokusebenzisa ifomu elinqunywe nguMthetho, ikhophi yalo efakwe yaba Isithasiselo 1 kulo mqulu. Uyakwazi ukuwuthola nge-*PDF* (uma ufuna ukuzibhalela ngesandla) ngaphansi kwesizindalwazi sakwa-*DTPC*.

Imithethonqubo kanye neSigaba 18 soMthetho kuphoqelela umfakisicelo ukuba anikeze lolu lwazi olulandelayo:

- Imininingwane yomuntu ocela ukufinyelela erekhodini;
- Umumo noma indlela afisa ukulithola ngayo irekhodi njengalokhu kuchaziwe eSigabeni 29;
- Imininingwane yerekhodi elicelwayo;
- Imininingwane yokuxhumana yomfakisicelo (ikheli/inombolo yefeksi/ikheli le-imeli);
- Incazelo yolimi afisa ukuthola ngalo irekhodi eliceliwe;
- Uma umfakisicelo ecela ulwazi egameni lomunye umuntu, kumele sichazwe isikhundla salowo ofaka isicelo egameni lomunye umuntu;
- Uma umfakisicelo efisa ukwaziswa ngesinqumo ngenye indlela ngaphezu kokwaziswa ngokubhalelwa, isibonelo, uma efisa ukwaziswa ngocingo, kumele ayicacise leyo ndlela; kanye
- Nendlela umfakisicelo afisa ukwaziswa ngayo maqondana nesinqumo esithathiwe ngesicelo sokufinyelela erekhodini alicelile.

Abafakizicelo abangakwazi ukufunda nokubhala bangenza izicelo ngomlomo koyiSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi lona-ke liyobe sesigcwalisa ifomu egameni lomfakisicelo bese linikeza umfakisicelo ikhophi;

Abase-*DTPC* bayozama ngokusemandleni abo ukunikeza irekhodi ngendlela okucelwe ukuba litholakale ngayo ngaphandle uma lokho kuyophazamisa indlela yokusebenza kwe-*DTPC*. I-*DTPC* iyocophelela ukulondolozeka kwamarekhodi kanye nokuvikela ilungelo lobunikazi bamarekhodi ngesikhathi kulungiswa irekhodi eliceliwe. Izimali zokufinyelela ezikhokhwayo ziyobalwa ngokwendlela umfakisicelo acela ngayo irekhodi ekuqaleni (Isigaba 29(3) kanye nesigatshana (4).

Umfakisicelo kufanele akhokhe imali enqunyiwe ngaphambi kokuba kuqhutshekwe nohlelo olufanele.

9.4. Ukucutshungulwa kwezicelo

9.4.1. IZIZATHU ZOKUCHITHWA KWESICELO

Izizathu zokuchithwa kwesicelo zibalulwe eNgxenyeni 2 yeSahluko 4 kanti-ke zibandakanya ukuvikelwa okuphoqelekile kwalezi zinto ezilandelayo:

- Ukuvikelwa kobumfihlo kohlangothi lwesithathu olungumuntu wemvelo;
- Amarekhodi athile oPhiko olubhekele Ukuqoqwa Kwentela eNingizimu Afrika;
- Ulwazi lwezohwebo lohlangothi lwesithathu;
- Ulwazi oluthile oluyimfihlo kanye nokunye ukuvikelwa kolunye ulwazi oluthile lohlangothi lwesithathu;
- Ukuphepha komuntu ngamunye, kanye nokuvikelwa kwempahla;
- Amarekhodi anelungelo elilodwa lokukhiqizwa ngokwezomthetho;

- Intshisekelo yezomnotho nokuphathwa ngendlela efanele kwezimali zeRiphabhlikhi kanye nemisebenzi yezohwebo yezikhungo zikahulumeni;
- Ulwazi locwaningo lohlangothi lwesithathu, kanye nokuvikelwa kolwazi locwaningo lwesikhungo sikahulumeni; noma
- Ulwazi oluthile olumaqondana nokusebenza kwesikhungo sikahulumeni.

I-*DTPC* ingazichitha izicelo ezibonakala ziwumdlalo noma eziyinkathazo kumbe eziyoholela ekusetshenzisweni kwezinsizakusebenza ngendlela engenambuyiselo.

9.4.2. UKUDALULA OKUYIMPOQO OKUZUZISA UMPHAKATHI

Ngaphandle nje kwananoma yisiphi esinye isihlinzeko esiku-*PAIA*, iSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi kumele lisivume isicelo sokufinyelela erekhodini lase-*DTPC* uma –

Ukudalulwa kwerekhodi kuyoveza ubufakazi balezi zinto ezilandelayo:

- Ukwephulwa komthetho kumbe ukwehluleka ukuhambisana nomthetho; noma
- Ubungozi obungase buphazamise ukuphepha komphakathi noma kubeke imvelo engcupheni; kanye
- Nokuthi uma kuvela ngokucacile ukuthi intshisekelo yomphakathi ekudalulweni kwerekhodi ingaphezulu komonakalo ongadalwa ukudalulwa kwerekhodi elicelwayo.

9.4.3 ISIKHATHI ESIBEKIWE SOKUCUTSHUNGULWA KWE ZICELO

I-*DTPC* inikezwe izinsuku ezingama-30 ukuphuma nesinqumo sesicelo.

I-*DTPC* izomazisa umfakisicelo ngokwengezwa kwesikhathi, nezizathu zokuthi kuhlehliswe ngobani njengoba kuchazwe eSigabeni 26(1) se-*PAIA*.

10. Inqubo Yokukhokha

10.1. Izimali ezinqunyiwe ezikhokhwayo

UMthetho ubalula izinhlobo ezimbili zezimali ezikhokhwayo okuyilezi:

- Imali yesicelo, lena yimali ebekiwe ekhokhwa kuphela ngabantu abangaceli amarekhodi anemininingwane eqondene nabo siqu; kanye
- Nemali yokufinyelela erekhodini, lena yimali okumele ibalwe ngokubheka izindleko zokukhiqiza irekhodi, isikhathi sokulibheka kanye nokulilungisa ngokunjalo nezindleko zokuliposa.

10.1.1 Imali Yesicelo

Wonke umuntu ofaka isicelo engameni lomunye umuntu kumele akhokhe imali yesicelo. enqunyiwe. ISekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi kumele lazise umfakisicelo ngemali enqunyiwe okudingeka ikhokhwe (uma ikhona) ngaphambi kokuba kucutshungulwe isicelo njengalokhu kuchaziwe eSigabeni 22(1) soMthetho.

Imali yesicelo ekhokhwa e-*DTPC* yesicelo ngasinye ingama-R35.00. Le mali ayibuyiselwa.

10.1.2 Imali Yokufinyelela Erekhodini

Imali yokufiyelela erekhodini iyonqunywa ngokwenani lamarekhodi aceliwe kanye nendlela okucelwe ukuba kufinyelelwe ngayo kuwona.

Izimali zesicelo kanye nezokufinyelela erekhodini zikleliswe kuSithasiselo 3, njengalokhu kuchaza iGazethi 23119 yomhla ziyi- 15 kuNhlolanja kowezi-2002, Isaziso sikaHulumeni uNo. R.187.

10.2 Ukwaziswa ngezimali ezikhokhwayo

ISekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi kumele limazise umfakisicelo (ofaka isicelo egameni lomunye umuntu) ngesaziso ukuthi kumele akhokhe imali yesicelo engama-R35.00 ngaphambi kokuba kucutshungulwe isicelo. Emva kokuba iSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi selisithathile isinqumo maqondana nesicelo kuyobe sekwaziswa umfakisicelo ngaleso sinqumo kusetshenziswa indlela abecele ukuthi aziswe ngayo.

Uma irekhodi selibhekiwe laze lalungiselelwa ukuba lidalulwe, kubandakanya nokwenziwa kwamalungiselo okuba litholakale ngendlela okucelwe ukuba litholakale ngayo, nokho bese kutholakala ukuthi ukwenza konke lokhu kudinga amahora angaphezulu kwalawo anqunyiwe ngokwemithetho, iSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi siyobe selazisa umfakisicelo ukuba akhokhe ingxenye yemali enqunyiwe yokufinyelela erekhodini ibe yidiphozi enqunyiwe nebizokhokhwa uma isicelo besivunyiwe. ISekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi liyoligcina irekhodi kuze kuba umfakisicelo ukhokha leyo mali edingekayo.

Uma isicelo sivunywa, umfakisicelo kuyomele akhokhe enye imali yokufinyelela emaqondana nokubheka irekhodi, ukulilungiselela nokulikhiqiza kanye nesikhathi esingaphezulu kwamahora anqunyelwe ukubheka irekhodi kanye nokulungiselela ukuba lidalulwe kubandakanya nokwenza amalungiselelo okuba litholakale ngendlela umfakisicelo acele ukuba litholakale ngayo. Uma umfakisicelo ekhokhe idiphozi maqondana nesicelo sokufinyelela erekhodini, bese leso sicelo siyachithwa, kuyomele iSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi libuyisele kumfakisicelo leyo diphozi ebikhokhiwe.

10.3 Imininingwane yaseBhange yase-DTPC

Ibhange: *ABSA*

Uhlobo lwe-akhawunti: *Current Account Public Sector*

Inombolo ye- akhawunti: 4056873817

Ikhodi yegatsha: 632005

Inkomba: *PAIA* Isibongo (somfakisicelo).

Umfakisicelo kuyomele athumelele iSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi ubufakazi bokuthi ukhokhile ngaphambi kokuba kuqhutshekwe nokucutshungulwa kwesicelo kanti futhi kumele le mali ivele nasesitatimendeni sasebhange sase-*DTPC* (imininingwane yokuxhumana iyatholakala kumqulu wase-*DTPC*). Ifomu lesicelo kumele lihambisane nobufakazi bokukhokhwa kwemali yesicelo.

10.4 Isigaba 22(8) Abantu abangakhokhiswa

Umuntu ofaka isicelo sokufinyelela erekhodini elinemininingwane yakhe siqu akayikhokhiswa imali yesicelo.

Laba bantu abalandelayo abayikhokhiswa imali yokufinyelela kumarekhodi njengalokhu kuchaziwe eSigabeni 22(8) soMthetho:

- Umuntu ongashadile ohola ngaphansi kwama-R14 712 ngonyaka emva kwezimali ezibanjwa emholweni ngokusemthethweni; kanye
- Nabantu noma umuntu oshadile kanye nomlingani wakhe abahola ngaphansi kwama-R27 192 ngonyaka emva kwezimali ezibanjwa emholweni ngokusemthethweni.

Ngaphezu kwalokho kuphinde futhi kunqunwe ukuthi:

- Esimweni lapho izindleko zokuqoqa izimali ezikhokhwayo njengalokhu zichaziwe eSigabeni 22 soMthetho zeqa isamba esinqunyiwe, kuyomele leyo mali ingabe isakhokhwa; kanti futhi
- Imali yokufinyelela erekhodini echazwe eSigabeni 22(8) soMthetho ayikhokhwa ngumuntu ofaka isicelo sokufinyelela erekhodini elinemininingwane yakhe siqu.

Imali yesicelo neyokufinyelela erekhodini ayikhokhelwa amarekhodi acelwa yisikhulu esibhekele ukugcinwa kwezinto zisemweni esihle kumbe umphenyi obhekele ukugcinwa kwezinto zisemweni esihle ngenhloso yokwenza uphenyo maqondana nokugcinwa kwezinto zisemweni esihle kumbe uphenyo olumaqondana nezihlinzeko zoMthetho wokugcinwa kwezinto zisemweni esihle obizwa nge-*Maintenance Act*, uNo. 99 we-1998 noma imithethonqubo eshaywe ngaphansi kweSigaba 44 salowo Mthetho.

11 Izindlela zokulungisa ezikhona, Isigaba 14(1) (H)

11.1. Isicelo esifakwa enkantolo

Umfakisicelo (noma uhlangothi lwesithathu, uma kufanele) angacela usizo kunanoma iyiphi inkantolo, enegunya elifanele, maqondana nalezi zinqumo ezilandelayo ezithathwe yiSikhulu Esiphezulu Esibhekele Ulwazi kumbe iSekela leSikhulu esibhekele Ulwazi:

- Ukuchithwa kwesicelo noma ukuchithwa kwengxenye yesicelo sokufinyelela erekhodini;
- Isamba semali okumele ikhokhwe;
- Ukwelulwa kwesikhathi sokucutshungulwa kwesicelo; noma
- Indlela yokufinyelela erekhodini eliceliweyo.

Zonke izinqubo zomthetho kumele zinikezwe iSikhulu Esiphezulu Esibhekele Ulwazi kumbe iSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi ebelicubungula isicelo zingakapheli izinsuku eziyi-180.

12 Ukubuyekezwa koMqulu, Isigaba 14 (2)

Lo Mqulu uyobuyekezwa esikhathini esingunyaka emva kokuba ushicilelwe noma uma kuba noshintsho okumele lwenziwe maqondana nemininingwane.

13 Ukutholakala kwalo Mqulu, Isigaba 14(3)

Lo Mqulu uyatholakala kulezi zindawo ezilandelayo:

- ENhlokohhovisi yase-*DTPC* ngezikhathi zomsebenzi kusukela ngehora lesi- 08:00 kuya kwelesi– 16:30

  Ku-29°South

  7 Umsinsi Junction

  La Mercy

  Kwazulu Natal, 4399

- Kusizindalwazi sase-*DTPC* esithi www.dubetradeport.co.za; kanye
- NakuKhomishini Yamalungelo Esintu eNingizimu Afrika (i-*SAHRC*)

14 Izithasiselo Ezihambisana nalo Mqulu

Isithasiselo 1: Ifomu Lokucela iRekhodi

Isithasiselo 2: Amarekhodi Atholakala Ngaphandle Kokufakwa kwesicelo kanye nendlela yokufinyelela kulawa Marekhodi

Isithasiselo 3: Ifomu Lezimali Ezikhokhwayo